ISOLEZWE (KZN)
Thursday, 7 October 2010, p. 19

UGama ufuna intsha igogode

BONISWA MOHALE

UGQUGQUZELE intsha ukuba ifunde igogode uDkt Mdu Gama (41) osanda kuthola iziqu zobudokotela emkhakheni wezimali e-University of Johannesburg.

UGama uthi umnotho wamazwe awusancikile kakhulu kwezezimboni kodwa usudinga abantu abanolwazi olujulile emikhakheni ehlukene.

"Intsha ichitha isikhathi esiningi ijaha amathenda nemali ikhohlwe wukufunda. Kulesi sikhathi imfundo ibalulekile ngoba ukuze uphumelele kumele ube nolwazi olunzulu emkhakheni okuwona. Umnotho awusancikile ezimbonini kodwa usuncike kwezolwazi nobuchwepheshe," kusho uDkt Gama.

Uthe uma intsha ingafundi le nkululeko eyalwela ngabantu ngeke iyijabulele ngoba umnotho uzoqhubeka nokuphathwa ngabanye abantu.

Le nsizwa eyakhulela eMadadeni iqophe umlando ngokuba ngumuntu wokuqala ukwethweswa iziqu zobudokotela iPHD in Finance eNyuvesi yaseGoli.

Uthe ucwaningo lwakhe luzosiza abatshali zimali ukuba bonge izigidi zamarandi njengoba ethole ukuthi izinkampani eziningi zilahlekelwa yizigidi uma zithenga ezobuchwepheshe.

Ngokusho kukaDkt Gama iNingizimu Afrika itshala u-R60 billion kwezobuchwepheshe ngonyaka.

Uthe imiphumela emihle yezobuchwepheshe ayithinteki ngezandla kodwa iyasiza kakhulu ekwenzeni impilo ibe lula, nokuhambisa imikhiqizo ngesikhathi.

UDKT Mdu Gama osanda kuqopha umlando ethola iziqu zobudokotela kwezezimali e-University of Johannesburg

Izolo abantu ezinkundleni zokuxhumana bese beqalile bembongela uDkt Gama ngempumelelo yakhe bathi ungumuntu abangafisa ukumbona enesikhundla esiphezulu kuhulumeni.

Abanye bathe ufezekisa amazwi eqhawe lomzabalazo uSteve Biko owayekholelwa ekutheni umuntu omnyama kumele afunde ukuze akhululeke kwangempela.